

Nolwazi Fortunate Machi MACW Thesis

A thesis submitted in partial fulfilment of the requirements for the degree of

Master of Arts in Creative Writing

of

Rhodes University

by

Nolwazi Fortunate Machi

December 2018

NOLWAZI (abstract)

My collection of isiZulu poems is based on my rural and traditional upbringing. It draws on language and customs which have shaped and defined me as a woman born in the South of KwaZulu-Natal. I write about how I have to conform to both a rural life and an urban one that forms my second world. I find myself having to switch between these lives, which benefits me a lot, and I feel a responsibility to bring hope to young people especially from the rural side, that nothing is wrong with being who and where they are. My writing is influenced by authors such as Nazim Hikmet, Mafika Gwala, and Mazisi Kunene who encourages black writers to write about their own customs and stories rather than embracing 'western civilization' and foreign languages. I also like the contemporary subjects and the humour in Dr Nakanjani Sibiyi's work.

Okuqukethwe

EKHAKHAMELA	6
Nongekho mntakaMa 1	7
Nongekho mntakaMa 2	10
Nongekho mntakaMa 3	14
Ngiyolala ekhaya	16
Isthombe sepasi	18
EMAPHUSHENI	20
Bayangibiz' obabamkhulu	21
Kwelenyoni	22
Zinyawo zami	23
Lisekhona ithemba	25
Vutha njalo sibani	26
Liyikho konke	27
Ukholo lwami	28
Indondo	29
Le mpumelelo	30
UTHANDO	31
Gabi gabi	32
Yizwa nalu uthando	33
Ngisondeze	34
Mam' unengalo	35
Isoka lami	37
NGAKE NGAGANA	38
Umyeni wami	39
Umendo uyingxavula	41
Nginomama wami	43
Zithande wena	45

OKWEHLULA AMADODA	47
Kulul’ ukuba yindoda	48
Aphi amadoda	49
Uthando olubabayo	50
Usi lwamadodakazi	51
Ngibangula umphefumulo	53
Inxeba lomfazi	54
Iyona ke lento	55
KuLubanzi, Nothani noPhakade	56
 SITHULE SIYABUKA	 57
UMsombuluko	58
Isitha somuntu	59
Uwile umuthi	60
Ulibambe lingaphumi	61
Sikhala emihosheni	62
Selingcwatshiwe	64
Lwandlekazi	65
Phungukazi Ma-Afrika	66
Ray Phiri	67

EKHAKHAMELA

Nongekho mntakaMa 1

Nongekho mntakaMa

Waphonseka wadlulel' egumbin' uMa

Waphuma nezicabha ngomzuzu

Wangena nazo ngomzuzwan' ubaba

Umbes' ubenyezel' ebumnyameni

Wabuy' enxapha egxadazela

Bamgwiny' ubusuku uMa

Kwasa yaqhubek' impilo kubaba.

Nongekho mntakaMa

Yayimithathu noma imin' iminyaka ngizelwe

Yayimithathu noma imin' eshonile umneweth' uMhlabunzima

Imihlanu noma iysisithupha eshonil' engimelamayo uMusawenkosi

Ikhehla lahamba lingethe elikaYalekile-washiwa-abafowabo

Ngamunye ngamunye beziphuma abadal' egcekeni

Ngasala nomzal' uSqi emncane ngokwakhe.

Nongekho mntakaMa

Kwasuk' impi yaMawule noBhokodisa

Sajondola sibal' izinkanyezi koNtabakayisengwa

Savuswa yinganono noMsadafu ngezixabhayi

Uthungath' abakhi boqhwassha

Sathubelez' enkungwini yensangu yabo

Ngazifunda zonk' izindlela zokuyifuqa.

Nongekho mntakaMa

Saphila ngezingoni inyama yezimpi

Saphakelwa yizihlobo nomakhelwane

Ubaba wabuya kane onyakeni

Afulathele bakugobh' omakhelwan' ukudla.

Nongekho mntakaMa

Wamemez' ekuseni uMaMseshi
IseMvuvwini!
Saphuma liyidliwa kaNgwenda
Sawel' iKhakhamela ligol' izindwani
Senyukel' eMabheleni sabhaca
Salandwa mzuwana kubuy' ubaba
Izingan' ezimbil' ezaduka ngempi.

Nongekho mntakaMa
Kwavuk' impi yamaqabane noklova
Ake nitshel' uMandela!
Ake nitshel' uMandel' ukuthi inkath' iyasgolozela
Shi qomu qomu mhla syotheng' amayeza
Sobulal' izinja
Usithele kwaNoqhogo ivungazele
Asambeni sonke
Sobikel' uGatsha
Umhlaba wakithi madod' usmele kabi!

Nongekho mntakaMa
Bangibhalis' esikolen' ingalo isithint' indlebe
Ubab' omncane wayengethe elikaNolwazi ngizelwe
UMhlabunzima wangipha elikaNonhlanhla
Esikoleni bathi nginguNolwazi Fortunate.

Nongekho mntakaMa
Ubaba wamnqabela ukungibona uMa
Wathola intuba ngesikole waqhamuka
Ngingasamboni ngatshelwa yinkaba
Wachiphiza kwazifanela kimi.

Nongekho mntakaMa
Ngashiywa zingubo ngagugelwa zicathulo
Ngashaya ngonyaw' ogedleni nongqoqwane

Ubaba wanengwa ngicela amapeni namakota
Ngaphenduk' isithumuthumu esithethiswa sithunywe lina
Ngayigodl' iminjunju yabandis' inhliziyiyo
Ngazizw' ubuntandane ngingentandane.

Nongekho mntakaMa
Ngashuk' icans' ubab' elobol' uMaCele
Walethw' emzini waqhekek' umndeni
Wanceng' okokugcin' uMa
Wanqaba ngikhona uyihlo
Wakhala ngikhona uMa.

Nongekho mntakaMa
Wagoduk' elambath' uMa
Ngasala nomam' ongangizali ekhaya
Ngavakasha kumunye ongangizali eThekwini
24 December 1997 ebusuku
Langibeka phans' itekis' eThekwini.

Nongekho mntakaMa
Ngangith' uzongibulal' ubaba
Ngaswel' ukucash' eAddington
Sagoduka ngigodl' ingalo ngingozingozi
UMaCele wesab' igazi ngadinga
Waxhifik' ubaba wathungath' uMa...

Nongekho MntakaMa 2

Nongekho mntakaMa

Wafik' entenga ethi ngifile uMa

Wath' ubezozijikisa phakathi neNtimbankulu

Ngafunga ngimabokoboko ngiguqulwa

Ngiyobusula bonke ubuhlungu asebuzwile.

Nongekho mntakaMa

Zamphelel' izinsuku uMa

Kwamphelel' ukwazi ubaba

Yanqotshwa impi yeminyaka

Sahamba sangajeqez' emuva hleze asijikise.

Nongekho mntakaMa

Bangithatha kalul' eBongucele

Wagqushalaza uMa ngakuthola okuningi

Ngacela kubaba ngabuya ngilambatha

Igwababa lakhe lathi ngimosh' imali kaMachi

Kakade ngizomitha ngingaqedi nasikole

Ngafunga ngichiphiza ngizofunda ngiqede.

Nongekho mntakaMa

Wangilahla ngiphila ubaba

Ngeswel' uMa esebenz' ubala emizini yabantu

Ngayisinengiso kubazala ngibancintela

Ngawuphumuza ngokuphupha libalele umqondo.

Nongekho mntakaMa

Wavumbuka ngingazelele ubaba

Wangethembis' imfundo engcono

Washintshanis' izimoto ngilambile

Ngavuma ukuthi ngazalwa yisahluleki.

Nongekho mntakaMa
Wayefika kwesikabhadakazi
Sigoduke sikhawha uMfazomnyama naBagqobhi
Wayengemkhulu engxoxweni singajwayelene
Kepha kwamnandi ukuba nobaba nomama.

Nongekho mntakaMa
Kusekule langishiy' igazi kwasal' ingebhe
Akakwazi ukushintsha kanje esazophil' uBaba
Ngamuzwel' ubuhlungu bungakafiki uMa
Kwand' amaphupho okudutshulwa nokufa
Ngazizwa ngiwubaba ngaphaphama ngiyimi
Emasontweni bamgwaza bamjuqa.

Nongekho mntakaMa
Ngamuzwel' ubuhlungu sebufikil' uMa
Wayesebujwayel' ebuthanda ubukhona bakhe
Kimi zaziyize izinyanga ezimbalwa
Wangcwatshwa ngendumezulu ubaba
Bamtusa wamkhulu wamuhle ubaba
Kwacaca yimi ngedwa owazi isahluleki
Ngavala umlomo hleze ngiphoxe
Ngawuvula ngibingelela uNomandla noSiyabonga
Izingane zikababa esasiziqabuka.

Nongekho mntakaMa
Ngabuzwa kamuv' ubuhlungu nentukuthelo
Kwabangw' amafa kwaphum' izibhamu
Wabalek' ezilile uMa
Waqhum' iminkenke elim' amasimu amaRoma
Wanakekel' izingulube zawo zaceba yena ephela.

Nongekho mntakaMa
Yopha inhliziyi ngaqanganisa

Esehlukunyezwa ngabakwabo
Ngaqinis' esikoleni ithemba lokugcina
Ngabaleka izisheli zingivimba
Yamihl' imiphumela kamatikuletsheeni
Ngafis' ukuvus' uBaba azibonele.
Nongekho mntakaMa
Ngawafuna ngancam' amatoho
Ngisabhuquza nginjalo kwenzek' imilingo
Ngakheth' izifundo zobuntatheli
Ze ngilandel' uVictor Molefe noAlex Mthiyane.

Nongekho mntakaMa
Kwakungathi kusaqhubeka la maphupho ami
Ngaphapham' emasontwen' amane
Sengeswel' indawo yokuhlala nemali yokugibela
Waphind' umlingo ngafakwa “e-res”
Yadlob' indlala ngazaca ngayisagila
Ngama ngesinkwa noqhum-patsha waseJwayelani.
Bangithwala nabangani bangacikeka
Bagqibeka ubuze bami.

Nongekho mntakaMa
Yagijima yamithath' iminyaka
Ngesigamu sokugcina ngehlel' eKapa
Oprah Magazine SA mina wonke!
Ngingaholi ngilamba ngigodola
Ngaphikelela ngankondloza ngashicilelwa.

Nongekho mntakaMa
Ngakhumbul' uMa ekhaya
Ngakhumbula izihlahla zangakithi
Ngakhumbul' isiphithiphithi sakuWest noSmith Street
Ngakhumbul' abantu abakubingelela bengakwazi
Ngakhumbula izinamba zezimoto ND NPS NX.

Nongekho mntakaMa
Ngaziqed' izinyang' eziyisithupha
Bangihlanganisel' ehhovisi lenel' ithikithi
Ngawugax' umgodla wami
Ngabuyel' eqinisweni lempilo yami
Ngabuyel' exhokovaveni engizenyezayo ngalo.

Nongekho mntakaMa 3

Nongekho mntakaMa

Wangqongqoza wangena kandlwana uMdali
Waphuma kwalandel' ucingo lwenhlolokhono
Laphel' isonto ngiqeketh' emsakazweni
Ezisematheni zadidiyelwa uNolwazi Machi.

Nongekho mntakaMa

Ngahalalis' eseshiy' amaRoma uMa
Ngabhukul' esethol' inxiw' eMthwalume
Ungakaphel' unyaka safezek' isethembis' esikhulu
Ancibilik' amahlul' osizi kuMa.

Nongekho mntakaMa

Ngabalwa nabadumile ngandiz' emoyeni
Ngashelw' ubuthaphuthaphu ngadideka
Izicelo zomshado zeza ngezithebe
Ngehlulek' ukuhlukanis' uthando lwempela.

Nongekho mntakaMa

Zaduv' izinjongo zobusha bami
Kwand' imithwalo yenkosana ngiyinkosazane
Konk' okuxakile kwehlela kimi.

Nongekho mntakaMa

Zanginetha kwezothando ngacel' umaluju
Nganakho konk' okunye kwaqhakaza
Ngaqhubeka nengikwaziyo ngidelile
Ngingazelele ngethuka sengilotsholwa.

Nongekho mntakaMa

Yangidid' impilo ngaphenduk' isidididi
Nomzal' ebengimthanda washay' isidididi

Kwasabalal' amahlaz' angekho ngami
Bazondana bezalana abazali.

Nongekho mntakaMa
Kwahalaliswa ngilamanis' izinsizwa
Kwambambathwa sekushunq' endlini
Ngazam' ukwembathisa kwembuleka
Bayinyakazis' ezimpanden' inhliziyo
Ukuqinisela nokubekezela kwangibalekela.

Nongekho mntakaMa
Wabuy' umunyu kuMa
Wangithumel' emuv' esikhihla
Umend' obumuhle waphenduk' inkalankala
Ngaluqond' ulimi lokuhlalel' abantwana.

Nongekho mntakaMa
Ngakhathal' ukukhala nokubika
Ngadons' ipeni nephepha
Abuya ngomfuth' amandl' okuphupha
Ngathintith' ingqondo ngabuyel' esikoleni
Isikol' esangiwez' osizini lokuqala.

Nongekho mntakaMa
Kukona konk' inhliziyo yami ayeneli
Ilangazalel' angazang' akudale uMdali
Ilangazel' udadewethu esancela naye kuMa
Udadewethu engingambikela konke lokhu
Udadewethu uNongekho.

Ngiyolala ekhaya

Lingiqathaz' eskhaleni eNamba5 itekisi
Ngijike namajika nginyus' umgwaqo owugedle
Ngidlul' omama behlakula emasimini
Ngenhla kwaDweshula Trading Store,
La esasithenga khona amapen' omsizi nezincwadi
Emashumini eminyaka eyadlula
Sisafunda kwaDweshula CP School.

Sekunezakhiwo eziningana manje
Ngim' esangweni ngiling' ukungena
Engab' usekhona yini uthish' uZondi
Ngakhumbul' uthish' omkhulu uGwala
Owayededel' impama kwabashay' imfiyo
Ngizinqande hleze ngivus' asebalala.

Isamile iNduma Secondary noMgamule High
Nanka asekhon' amabhodlo enkulisa
La esasithenga khona iziqedakom' ezishisayo.
Sezacinana izihlahla zogwava eStinini
Angisenasukel' izintibane ehlathini kwaCaluza
Ngibamb' umgwaqo othathelayo.

Sekunesitodlwana ejikeni ngaphansi kwegquma
Mangifulathela ngiqhamukel' ezigodini zakithi zendlalekile
EManzobeni kwaSunduza naseKhakhamela,
Nang' ulunguzile noNoqhogo
Sengiyamoyizela ngidlul' esikhaleni kwaKhothiphepha
Inja yomnumzan' eyaqanjwa ngababhemi bemboza
Abaqale bakhoth' iphepha ze bagoqe.

Emva kwamajik' okugcina
Ngehl' emangweni kwaDimba osuwugedle

Owawuhlehlisa amaloli nezimoto
Kuphel' izinsuku zibhajw' odakeni olubomvu.

Ezansi umuzi wokuqala okaGogo Mazubane
Ubabekazi kababa onesitodlwana sotshwala
Kube abangibonanga
“MntakaMayiza, awusakhulile nje!”

Ziqhele izihlathi zixosh' izindlebe
Labantu bangazi ubumina
Kusukume isidakwa esizingozingozi ebusweni
“Yey *klassmata*, awenz' *iluzi* lapho.”
Kuthi xhifi ngishikile.

Nanka namantombazanyana athwele izinyanda
Oyedwa ubelethe nengane
Angiwole ngicinaniswe yiququ
“Nozi awungithengele *idrink*.”
Ngimnik' ipheph' elibovu
Zigingqik' izinyembezi ziphum' emiphandwini emnyama
Ngifisa ukuntshontsha lobuhlungu abuzwayo.

Ngichezuke ngibhek' emzini kaMthukwa ukhokho wami
Ukhula egcekeni ungafunga sekwathuthwa
Sekuyomele ngimemeze bangigadel' izinyoka
Bayaphi abantu kulo muzi?
Indlu yokuqala ihluthulelwe
Eyesibili iyadilika
Kukhala ibhungane nasendlin' enkulu.

Ngithathe amagxath' ambalwa ngehlele emalibeni
Ngisawabona awabafowethu bobabili ezansi
Elikababa nalo nali ngenhla
Uzibuthe owawuhlanganise lo muzi.

Isithombe sepasi

Leli pasi likaMayiza Elton Machi
Seliyimvithi amakhas' akhathele
Ungafunga nawo ahlanganiswa kuNhlababa ka1950
Kepha lwalulunye kuNhlangulana ka1986.

Ngenhla kwehembe lesikotsh' esimpunga
Kunesihlushwana sigqinqwe savuma
Ebusweni ziyabonakal' izimbotshana zekhambi
Zihlangene nesiingxizozo esiluhlaza
Esashawa zizimbili kuMandulo 2000.

Lesi sithombe asiphazanyiswa yilezinombolo
Pm2088/00 kabili ekhasini lilinye
Isikhumbuzo sokujwayel' izisele zimfanele
Eqhutshwa wuthando lwesibhamu i9mm
Igeja lezinsizwa iAK47
Ikhehla lemfene iG3 ekhaful' insizi.

Insiz' efuz' usizi lwamhla ziyisishagalolunye kuMandulo 2000
Ziyibiz' izinsizwa zeNkatha
EMgungundlov' akashango njalo
Waw' yaph' ungaphethe sibhamu
EMgungundlov' akashongo njalo
Waw' yaph' uzosala phansi!

Ake nithathen' imikhonto
Thathan' imikhonto
Niyibambe
Niyiphakamsele phezulu
Makungenjalo
Nizosala phansi!

Nempela yawuphakamisa kwakabil' umbes' inkabi
Yawuhlab' eskhonkosini yawusheshisa
Yawuphisela phansi kwesibele
Yaphuk' inhliziyo yesibonda saseMlazi
Inkompolo yezinsizwa zakwaSunduza
Wazibiza ngomunyu uMgibe inkompolo yaseManzobeni
Wensizw' ukhuluma kanjani
Wen' ukhuluma kanjani simanxeba sinje!

Insika yomuza kaSgalaza
Yalila ngenkondlo indlu kaNotshakela
Ungayingeni eyamaGoba ehlezi kahle
Ngoba namhla
Ephenduka
Ngoba namhla
Ephenduka
Ayokukhipha ngezikhali!

Ngokushona kwelanga
Babelana bodwa ngobal' alushiya
Umama wasala nefa lenzila nepasi
Mina ngakhulisa isithombe sepasi.

EMAPHUSHENI

Bayangibiz' obabamkhulu

Sengibathe ngiyala bayangibiz' obabamkhulu
Ibubul' emiphandwin' ingonyama
Ibhong' ingibiz' emawen' ingwe
Kwenanel' inyoka phans' esizibeni
Eyasolwandl' ingimemez' ezinjuleni zobusuku
Obabamkhulu bangisikaza ngeshoba lenkonkoni
Bangiphonsel' izidlodlo nenxoza
Bangifumbathis' isikhwam' esigwel' izimpande
Bathi siyocolwa ngenkom' emhlophe
Bafun' ilethw' iphila olwandle.

Kwelenyoni

Ngeswel' amaphik' abanz' oKhozi,
Angithwale ngindizele phezul' okweNkonjane,
Ngindize ngijubalal' okweJuba,
Ngingamul' amazw' okweLanda ekwindla,
Ngihlal' emazwen' emfudumal' okweNqe,
Ngicanase ngenkululeko okukaNgcede.

Zinyawo zami

Zinyawo zami ngithath' ungibeke
Ngibeke lapho ngibabele khona
Ngiweze kwabanz' amazibuko
Ngingqamulise kwaluhlaz' amahlathi
Ngingqamulise kwamnyam' amahlungu
Ngidabule kwamhloph' amaqhwa.

Zinyawo zami ngithath' ungibeke
Ungadikibali sebengigcona ngawakudala
“Uhamb' izw' elingaka!
Ngezinyaw' ezinamansense
Lendaba kayihlekisi
Icob' amathambo!”

Zinyawo zami ngithath' ungibeke
Kulawo madlel' aluhlaza
Ngicobelet' isisu sengqondo yami
Nginothis' imicabango yami
Yon' eyophakel' izizukulwane.

Zinyawo zami ngithath' ungibeke
Kulezo zakhiw' ezindekazi
Ngibabon' abakhul' abelungu bemfundo
Ngilalele ngenze ngiphumelele
Ngibuye kwelakithi ngiyikazela neminyezane

Zinyawo zami ngithath' ungibeke
Kulawo mahhovis' amakhulukazi
Kulezo zimboni ezinkulukazi
Kulezo nhlango zabaphusile
Bangicobelet' ngibuyel' ekhaya nginothile.

Zinyawo zami ngithath' ungibeke
Kosolwaz' abaz' amakhambi
Emazwen' ezingcwephesh' ezaziwayo
Ezigodini zomama beziyal' ezakhayo
Kongqondongqondo kwezikamoya.

Zinyawo zami ngithath' ungibeke
Unamansense uvuvukel' uqaqanjelwa
Ubathazel' usuzabalaza ngenhliziyo
Wen' awugcini laph' emaqakalen' ami
Ungusimangay' udondolo lwesigodi
Zinyawo zam' asibuyel' ekhaya basilindile.

Likhona ithemba

Noma sengivithikile ngivuthiwe nginje
Sengivavekile okomshiza wamashinga
Sengiyisilahlwa ihlamvu lokushanel' igceke
Inikiniki isidwedwe sokwesul' imbadada
Sebafa bonke ababengithanda bengazisa
Seyahluleka yonk' imizamo yami
Kepha lisekhona ithemba kimi.

Uma isagelez' ibhek' ezansi imifula
Isibhakabhaka siseluhlaza phezu kwami
Lisaphuma ngasolwandle ilanga
Ziseyisikhombisa nakimi izinsuku zesonto
Inhliziyo isanamathel' ezimbanjeni zami
Umhlabathi usephansi kwezinyawo zami
Lisekhona ithemba nakimi.

Vutha njalo sibani

Bampumputha ngobumnyama

Bagxadazele balale behlawumbisela

Bamangale bephaphama silokoz' esakho isibani

Esakh' isibani sikhanya noma usuzumekile

Engan' amafutha uwethe kusakhanya

Vutha njalo sibani.

Liyikho konke

Angizekeli magwababa achobanayo

Angishayi zandla ezingakhali

Angikhaleli bangani

Angibikeli mndeni

Injabulo neminjunju

Ukujula kwemizwa yami

Kwaziwa yileli phepha.

Ukholo lwami

Seyahlum' ameva indlela yesonto
Izwi leNkosi sengilicosh' emingcwabeni nasemsakazweni
Sebangetha langilingana eloMhedeni
Impilo seyalugwed' uphawu lombhabhadis' ebunzini.

Sesimanikiniki sinjal' isiqu sami
Umoyizela kawuqedi umphefumulo
Kucentiwe emagceken' enhliziyi yami.

Izwi lakho linyenyeza kuqaqek' izindlebe
Izandla zixhawula zishiy' umlingo kwezami
Amehl' avul' awami ngibon' okungabonwa.

Izindab' ozixoxa buthule zingena zizike
Zinyakazis' ubuchopho sebunqumile
Ziphume seziyinkondl' efundekayo.

Indondo

Kuhlokome kudume ihlombe,
Kukhale amafiyo bamemeze,
Kushunq' intuthu zifiphale izibani.

SANIBONA

Bachwaze kuvalek' izindlebe,
Bagxume banyathelane yintakaso.

Aqhaqhazel' engakholwa uSingaye,
Uthand' olungaka luvelaphi?
Umfuth' ongak' uthathwaphi?
Umphakathi wonke nesinedolo,
Uzobongela yena umbungaza,
Acikic' amehlo acwebile.

Wuuuu

Zihlany' izihlwele,
Ubuxhafaxhaf' abathwebuli,
Imibhobho yezintathel' uxhaxha,
Zigqam' izibani zinamathele kuSingaye,
Athint' inkwahla kucwebe,
Inhloniph' engaka iyethusa.

Libong' iqhawe kubuye iminjunju,
Ekugcineni konke kufeziwe,
Imali nabalandeli nentokozo,
Udumo lwempela selufikile,
Iphupho lamaciko onke,
Ukuqhakanjiswa nokuhlonishwa nendondo.

Le mpumelelo

Ekugcineni sekuze kwakhanya
Nganakho konk' ebengikufisa
Nganakho konk' engingakufisi
Uzalo lwakhala ngempakamo
Izitha zangikak' okokhwekhwe
Izinsizwa zangijahel' igugu
Nganabangan' engingabazi namagama
Le mpumelel' ebengiyikhulekela
Namhlanje sengifisa nokuyishintshisa.

UTHANDO

Gabi gabi

Mina nginomunt' othi mina
Igcokama lesidlakela sami
Insizwa' ezilishumi iyinye
Uswahl' oludlula kukhal' iziphalaphala
Kulapho aludidiseki aluqalazi.

Izivunguvungu izikhukhula nezomiso
Indlala izifo nokufa
Izimbangi omonase nomhlaba
Akusoze kwamguqula owami
Ungithembise lokhu nokukhulu
Umuntu wami wasemaphusheni.

Yizwa Nalu Uthando

Lumsulwa

Uthando lwami ngawe luyaphila.

Luyisikhondlakhondla

Uthando lwami ngawe alwesabi.

Aluciciyeli

Uthando lwami ngawe luphelele.

Aludikibali

Uthando lwami ngawe lunamandla.

Alufuniseli

Uthando lwami ngawe lumile.

Lubanzi

Uthando lwami ngawe lujulile.

Luyavutha

Uthando lwami ngawe lungamalangabi.

Ngisondeze

Sithandwa lingis' inyosi ngoju lwayo,
Ngibamb' ungiqinise ngezingalo zakho,
Ngizwe ngazo ukuqina kothando lwakho.

Sithandwa ngibambe ngesandla,
Ngidons' ungangidedeli nanini,
Ze ngingasuk' endleleni yethu.

Sithandwa ngigoq' ungigoqisise,
Ngizw' imfudumalo yomzimba wakho,
Ze ingifudumeze lapho ungekho.

Ngisondez' esifubeni sakho Muntu,
Ngilale kuso ngilalele,
Singiqaqel' izimfihlo zaso ngami.

Ngisondeze duze novalo Muntu,
Ngizizwele lushaya bukhoma,
Ze ngazi kwenzekani laph' ungibona.

Sithandwa ngisondeze kwesobunxele sakho,
Duze nenhliziyo ngizizwele,
Ingitshel' ukujula kwayo ngami.

Sithandwa bheka mina ngedwa,
Ngibukel' eduze ngibone iqiniso,
Elibonw' amehlo akho kuphela ngami.

Sithandwa khuluma ngomlomo ngizwe,
Izinkulumo zawo ngami,
Ungitshela ngothando lwakho ngami.

Mam' unengalo

Woshi!

Bahle bagezile ngoMgqibelo,
Banyathela ngagqobhoz' umhlab' amakwayikwayi,
Behla kwezikanokush' izimoto,
Bashayela phezulu nje beze kuwe,
Bazokhwezel' imililo baphembe ikusasa,
Kuwe themba lezintombi zeTheku.

Begcwele becwala izinwele nezinzipho,
Enkundleni yoNondaba nebandla,
Bezikhipha ngezithebe ezisematheni,
Eyakho akungatshazwa eyekhethelo,
Ngisizeni ngoMam' unengalo ngibe muhle nami,
Khululeka ntombi ungapha,
Kudume ihlombe kwabakwaziyo nabasazokwazi.

Udumo lwakho ludlula osaziwayo,
Unewozawoza ulandelwa zihlwele,
Uthando nokwethenjwa kungelinganiswe,
Uzihlalele kowayo umjondolo nje,
Unakho konke abakudingayo.
Izifundiswa neziqhaza,
Izigwili nodade be 'qolo',
Amatshitshi no'gogo-tshitshi',
Izintombi zosindiso nabakhokheli,
Balingana bonke kuMam' unengalo.

Izimbangi ziphamban' egcekeni,
Ziphimiselane kushod' ogadlayo,
Ozigeqil' izindlebe wezwisisa,
Wayiphuzisis' insizi ngeqanda,
Walenzisis' itiye ngenkwethu,

Uyozwa ngabakhongi bememeza.

Osephum' ebheke kwaNgangamela,
Abangani bamdonsa ngendlebe,
Uvuke ntombi uqaqeke,
UMam' unengalo uyowuqinis' umendo wakho,
Awumis' esebuyil' uMa-wengane!
Linqekuze okwemvu ikhanda kumakoti,
Usazi kahle isethembiso esingajiki,
Kukhathala imbangi kuMam' unengalo.

Isoka Lami

Kudum' izihlonon' enhloko ngihlanye,
Ishaye kabili kokukodw' inhliziyo,
Hlez' amahlay' ezinhlanya,
Ngiqinisekise,
Nempel' idilikil' intaba,
Ufiphale libalele umhlaba,
Kanjani nje ngesoka lami,
Benginalo zolo lokhu lethembisa?

Phela wena ubungumngani,
Singabonani mihla kepha sikhumbulana,
Sithintana sazana sizwana,
Amahlaya nohleko kungapheli,
Umfutho nobushinga bakho,
Ukuzazisa nobunsizwa bakho,
Ubugcokama nobuwena-wedwa,
Ubuciko bakho ngiyabukhalela.

Njengabo bonke,
Iqinis' ubungemuhle kulo,
Ungazinzi ungaqondakali,
Keph' uthand' ubunalo ngiyazi,
Ngiyazi ubufahlazek' inhliziyo,
'Ngiyinkentshane lesifazane, wena elesilisa',
Wethembis' okuhle ngekusasa,
Soka lami engingazange ngiliqome.

NGAKE NGAGANA

Umyeni wami

Ngiyibonil' imisebenzi yothando
Ngikubonil' ekwenze kumama
Ngikubonil' ekwenzel' ubaba
Umama wathanda
Ubaba wathatha
Ngafunga soze ngivule nentutshana.

Ngokuncengwa ngagcina ngivuma
Ngayivul' inhliziyo yesasa
Kwalandel' imilenze nomphefumulo
Ngingazelele ngazinikel' endodeni.

Indoda yangibiza ngamagam' amtoti
Awumzwilili kweyam' indlebe
Yaphakel' umoya wam' oweswele
Kwadi' isizalo sami sakuphanga.

Indoda yanginika nokungenhla
Yanginik' ikhay' elisha
Yangiph' izinking' ezintsha.

Uthando lwami ngalendoda
Lunqamul' imigoqo nezinqumo zami
Lwaqeda ebengizazi ngiyikho
Kwazalwa umfazi
Umama kuLubanzi uNothani noPhakade
Umuntu engisazifundis' ukumqonda.

Kaningi angizazi nokuthi ngenzani
Ngihlala ngokuthetha nokudinwa
Ngithi ngisakhala ngiqhephuke ngihleke
Engani umyeni wami uth' engincinz' ab' engikitaza.

UKhumal' ungifice ngiwumnyovu
Wabon' intomb' angayilobola
Wambath' umama wathola nobikibiki
Wagiy'ethunen' ubab' ebon' iskhwehlela
Ladliw' ilongwe ngasulw' emadlozini.

NgoKhumalo senginabakhuluwe nabomamezala
Senginamagam' engiwazilay' obabezala
Ngishay' ezishanela phans' izijalimani
Ngijij' *ivelvet* ' elimnyam' enhloko
Ayishisw' impepho ngingahezile ehlombe
Unqamule uvundle ngesifuba umnqwazo.

NgoMsombuluko ngiyawagoq' amaphinifa
Ngiziqhol' ididwe ngamakh' intuthu
Ngibuyel' embhojeni sengigqok' ezabasha
Abalaleli bazifuna zishisa
Ezemidlalo noNolwazi Machi-Khumalo.

Umendo Uyingxavula

O maye!

Kwaze kwangiyal' ukugana ngimncane

O maye!

Nakh' ukuhlupheka kufas' amatomu phezu kwami.

Ngashelwa yinsizw' ibukeka ngathatheka

Yazikhiph' izinkomo yaphangisa

We maye ukungazi!

Ngaphenduk' uVusumuzi ngingendoda

Ngalugqoka lwangifanel' usizi kwaMzofayo

Maye yemba yembulul' injabul' ebengiyijaha.

Yek' umend' ukuziyala webabo!

Bangijikel' abazala ngaphenduk' umzondo

Iphunga lahogelwa nangabangani

Kwaphel' ukucanasa ngakheth' amabala.

Basho bath' umend' uyingovolo

Bathi ngiyofika kwaSithweside

Ngiphenduk' inzawunzaw' eyasal' emanxiweni

Ingongoman' isilwan' esafel' endlini.

Umend' awuthunyelwa zinhloli

Zona zaziyojijima zinginqande

'MtakaMayiza ungalubhadi'

Kuphi khona nezinyanya sezanikela ngami!

Uqhway' ilahl' ojabulel' ukushona kwelanga

Izingane zilandelan' okwamagundane

Lendod' iphuza yona le mali yeqolo

Idakw' ingithuk' ingikhahlele.

Ngikhala nezinyoni ngihlubule
Ngizilahla kumama nabadala
Bonke bangikhomb' emuva
Bathi kuyabekezelw' emendweni.

NginoMama Wami

Owami umama waguqa
Waguqa ngenhlonipho wathoba
Waguqa kunzima waqunga
Akaqhaqhazela waqina
Umqansa wenyukela waqinisela.

Owami ke umama waguqa
Indoda isiphenduke isilwane
Umyeni kuye
Ubaba kimi
Indoda ezweni
Isilomo samantombazane.

Owami umama ke waguqa
Wayihlaya lezintombi nezokufika
Salamba engaz' ubaba
Sabuza ngobaba wangaz' umama
Yona lendod' engumyeni engubaba
Yaphenduk' isitha sekhaya
Wasikhihl' ubusuku wazithulis' emin' uMama.

Owami umama waguqa ke
Lidl' iqupha nequzu wazigoqa
Uphum' umbese nesibhamu wavika
Kwasa wahleka neningi
Ubengetshe engensimbi
Keph' uqoke ukuguqa.

Uthando lwakh' olungelinganiswe
Uthando ngathi lwambamba
Uthando ngomyeni indoda
Uthando nethemba kuMdali kwambamba.

Owami uMama waguqa
Uguqe wathandaza koPhezulu
Umama wami ke lowo
Owami lowo mama.

Zithande wena

Ungamuhl' okwenkosazana yolwandle
Ubuhle bakho bukukhokhel' izigidi

Umzimba wakh' uhambisane nenhliziyo
Uvul' izikhwam' unakekel' izinkedama

Ushaye ngesizoth' esingapheli soMswati
Uhleko lwakho lwelaph' abadangele

Inhlonipho yakho ibatshazwe
Kwawena uhlonishwe ngamazwe

Ubusiswe ngobuhlakani nasemfundweni
Uxazulul' okuhlul' izingcithabuchopho

Ukhuthal' usebenze kuqhakaze
Okwehlul' amadoda kubikwe kuwe

Umthand' umtakul' ezinkingen' aziphekile
Umtatamis' umteketis' atetemuke

Ukuzalanise konk' akupha kona
Imali umuzi nezingane

Uzixine ngezigezo nezibambelelo
Uzixake ngexham' uxhak' isisu

Njengonyoko ngithi angakushiy' abon' abanye
Amathath' amthandel' ukuth' uthandwa nguwe

Njengonyoko ngithi soze wayinqoba leyo mpi
Yehlul' indlovukaz' uNandi

Njengonyoko ngithi yinye inhliziyo oyaziyo
Mntanami yenelisa yona.

OKWEHLULA AMADODA

Kulul' ukuba yindoda

Isililo sentombazanyana inswininiza
Amehlo ebhejile kudabuka izinjula zobuyona
Ziphendulwa ngosungulo longenazwelo
Obeqhakambisa uthando zolo lokhu.

Kusasa le ngan' izobizwa ngeqhashamlenze
Iphilaphiko ipemepeme ishaxavu
Omama befun' inkom' ingekho.

Bakhale ngokuxega kwesimilo
Abayaz' imizuz' emithathu yendluzula
Eyaqhephul' isitsha esiyigugu.

Ngomhlomunye le ngane izogana
Imibuzo ngesilwan' esiyindoda isamile
Sihlonishwa kanjani?
Sethenjwa kanjani?
Sithandwa kanjani?
Sibe siyini?

Ngothana olulenga phakathi kwemilenze
Lukhashwa zinkonzo zembew' ezintshwamile
Ngokumila kotshan' ebusweni sandonda
Kalula nje sebesibiza ngendoda.

Aphi amadoda

Asiwaficanga thin' amadoda

Sekwasal' igama lilenga

Ukuzazisa nokuzazi nokwazi akusaziwa

Kwasal' izinhliziyi ezikogovane

Ziyalubaluba zinomhobholo azisuthi

Zijaha ntombazane zijahe salukwazi

Ngobusuku zijikel' abafana-ntombazane

Inqobo makugcwale iphakethe.

Uthando Olubabayo

Lufuz' inhlaba

Alwehlukile neboza

Lulandel' upelepele

Lucel' esibhaheni

Nse nentshungu

Uthando lomuntu wesilisa.

Usi lwamadodakazi

Sivuka sikhlab' ungqoqwane
Siyozam' imfundo
Ngethemba lekusas' eliphilayo
Sigcine singazitholanga neziqu
Engani le mfund' emb' eqolo
Ilingen' abakhethiwe.

Sivuka kusale kuse
Siphuthum' amatoho kwaGobiqolo
Izingane zisibone ngokuhlwa
Ngamehl' agcwel' ubuthongo
Zilale zingasancelanga
Kusasa yiso leso.

Sivuka kusebomv' ezansi
Eyeth' imisebenz' ime
Izingane zikhulisw' abazanyana
Esibacazela kulamakinat' esiwaholayo.

Amantombazan' awaseluswa
Akhul' engakwaz' ubuhle bokuzigoqa
Azi ubuhl' obubonwa abafana
Abahamba ngezimot' ezithi *vruuuuu pha*
Namadod' ehlulwe yimizi yawo
Asehamb' eth' ayabusisa.

Sivuk' ingakasithel' inkanyezi
Silungisel' oyise bamadodana
Asal' engenaziyalo zobudoda
Oyise baqaph' umsebenzi womlungu
Abanye balim' amasim' amaBhunu
Alele awoyis' emafusini.

Lamadodan' azokhul' enhlanhlatha
Athand' isibhamu nemali yomlungu
Nazi nezintombi zilandela yona
Lamadojeyan' azogcin' ebulala
Engan' asedl' izidakamizw' ayadavuza
Athengisa ngezicubu zodadewabo

Sivuk' ulwasi luhlanganisile
Imizimba yabantabethu yosiwe
Siqale sibheke phesheya kwesilili
#wonk'amadod'awudoti
Amadod' ethu obaba bethu
Amadodan' ethu omalume
Bawaphendul' umlotha amadodakaz' ethu.

Ngibangula umphefumulo

Ubuphahlaphahla izitsh' ezidlelayo nezihlalayo

Ubufahlafahla isigqiki siphuma nomnyango

Ubuphihliphihli ugqoko lundiza lulandelwa ngamawindi

Ubuhanguhangu amaklob' ezingubo namaphepha

Ubusaphasapha imbokod' igay' igingqeka

Ubuivithivithi umshiz' usacaz' inguzanguza kamabonakude

Ubukhencekhence izicucu zamacwecw' omculo

Le ndlu mayibe yibhodlo okomphefumulo wami

Inxeba lomfazi

Umfaz' akalaz' inxeba

Osanel' ukuhlukunyezwe' uyaxhonxa axhaphaze

Ogwazwe nguy' akadabuli

Odutshulwe nguy' udabul' umkhathi

Oshiswe nguy' uyalotha

Okhashelwe nguy' akabuyi.

Iyona ke lento

I.

Ingisanganisa kugxabhe kugxume ugebhezi
Eyokubon' indod' igalela umfazi
Yehlis' isembatho sangaphansi kugogo nengane
Iyona ke lento engangilahl' eWestville.

II.

Ingidina kudilik' izithukuthuku ngidideke
Eyokubon' intsha ish' amashushu nokungathi shu
Ijahana nobumnand' igcine emakhazeni
Iyona ke lento ebagcinis' eWestville abanye.

III.

Ingicasula ngicikeke kucanuzele
Eyokubon' imigundatshan' ejah' izimoto zabantu
Ifunde nobuchule bokucuph' imishini yemali
Iyona ke lento kumele ivalelw' eWestville.

IV.

Iyangidumaza ngidangale ngidideke
Eyokubon' odade benqab' ukusebenza beqol' amadoda
Bayifunde yonk' imithi yokuchith' imizi
Iyona ke lento kumele bagcinw' eWestville.

V.

Ingincinza zonk' izindaw' ezifudumele
Eyokugxekwa kwabahushul' izisu
Babe msulwa obab' abaphika leyo mibungu
Iyona ke lento kungangcono beseWestville.

KuLubanzi, Nothani noPhakade

Likwezenu izandl' ikusasa madodana

Ningafumbatha umphelo libune

Nizivule budlabha lichitheke

Nizivule ngenjongo likhazimule ikusasa lenu.

SITHULE SIYABUKA

UMsombuluko

Amehl' abhej' igazi
Imizimb' intengis' okwamagceba
Izinhliziy' zisabhiyoz' ebusuku bangoMgqibelo
UMsombuluko ubanukel' okofudu
Abanye sebewuninde ngemibala
UMsombuluko oluhlazana.

Kwabanye kuqhans' imithambo esiphongweni
Ingqondo iyesind' iyashukeka
Abayibonanga naleyo mpelasonto
Nesonto liphele bezabalaza
Bacij' amakhon' okuvul' iminyango
UMsombuluko yithuba lokuhlela kabusha.

Isitha somuntu

Singamkhaphela simbethel' ezwa
Simcoboshise simgqib' ebhekile
Simhlwithe konk' akusebenzele
Simlahlis' abamthanda ngeqiniso
Abishe kweshubil' intabamlilo abhucuke
Ngenxa yobuyena nengqondo yakhe
Kuphelezelwa yixokikazi lenhliziyo
Isitha esikhulu somuntu.

Uwile umuthi

Inqaba ngomuth' omkhulu
Ngokugcina uvume phansi
Uwiswa ngencan' imbazo le.

Ulibambe lingaphumi

Umhlaba uyogqwal' entwasahlobo
Izimbali zibune kusa
Amaqabung' awohloke kunamazolo
Izithelo ziqathake kungenamoya
Imithomb' ishe linile
Imibokwane idindiliz' emadwaleni
Ngelanga Kuvela ubunjalo bakho.

Sikhal' emihosheni

Imimoy' iphezulu
Izakhamuzi zikhalel' amathuba
Aseqedwe zimpunyela zokufika
Okuthiwa ziqhwage nelokugcin' igula
Zashiy' abaholi bezichuse
Zawudunga zawuqeda umbuso
Izingcithabuchopho zihlaziye kud' emihosheni

Kwaqala ngokuphuma kwekhwezi lenkululeko
Izifikanamthwalo zavela zigqok' omakalabha
Yashintsh' iminyaka zachachaza
Zavul' izimboni nezitolo
Kuyo yonk' imigwaqo yeTheku
Kwanuk' amakha nempepho
Kwand' izithohlongwana zezithix' ezileng' imigexo
Kwakhal' izigujana nemifece kwananel' imihosha

Ayathandeka lamaNdiya umholi nomholi unelakhe
Abhek' izisu zabaholi zikhohlek' ezabantukazana
Zikhale zigqibeke ngaphansi kwenkemané
Abaphikisayo bampongoloza kwethembise
Bephazamis' imicimb' umhlab' ubhekile
Nabo zigcina zivelil' ezab' ezifihliwe
Zezindodl' ezivel' emihosheni yaphesheya.

Isith' esidala sivukuzek' emathuneni
Sesibuya silawula ngezichuse zakithi
Abaholi belibel' ukuphangelan' umcebo
Bacambalale budlabha kwand' amahlazo
Bacuphelan' imigog' eyobaphons' emihosheni

Namuhl' imal' iphenduk' uvucu

Ayikwazi nokutheng' uzukwa
Izikhundla zikheth' abangani
Asisakwazi nokubamb' inkukh' egcekeni
Sidl' ingcub' esingayazi yafelaphi
Maduze izifo zizosibanga
Izidumbu zigcine zidindiliz' emihosheni

Selingcwatshiwe

Ngek' uphind' ulibone
Amantombazanyan' awasayidlal' ingqathu
Asejomb' abafana lubhuntshu
Abafanyan' abasadlal' ibhola
Sebegenda wona lamantombazane
Othisha sebefundis' emalawini
Abafundisi sebesontis' emibhedeni
Abafazi bathi bashitsh' amasheke
Amadod' amithis' amadodakazi
Izinsizwa sezidayis' amakhand' abantu
Odokotela bantshontsh' izicubu zeziguli
Amaphoyis' asesebenzel' izinswelaboya
Uhulumen' uziphaquzel' insang' igoqwe ngoTata
Izwe lokhokho selingcwatshiwe

Lwandlekazi

Mame ombelebele

Ozalela wonk' amadoda

Ukhiph' imibala yothingo kwesakh' isizalo

Abanetwetwe bathi alufakwa kuwe uyisilwane

Ulaka lwakho lugwiny' amabhilidi luketul' imikhumbi

Abagulayo batus' amakhamb' akho akhucululayo.

Izazi zithi uyingcweti

Ejuluk' uwoyel' ongahluziwe

Izangoma zithi' ungukhokhovula

Othwasis' ezingayilokoth' imbumba

Kwabeswele ungumam' onezinseka

Okhiph' inhlanzi nengwani nosawoti

Konk' ukwenz' ungadikibali

Ugubh' igagas' ulilamanise ngelinye.

Phungukani Ma-Afrika

Zavelaphi le zilwane?
Ushukela umdlavuzi nengculazi
Okubukisa ngathi kusibaz' amathambo
Siphephezel' izinwele kwande izindlala
Amathol' ethu siwancelis' ubuthi
Asevel' ezalwe nabo buwaququda
Akhule ecinelelwa ngamaARVs.

Nathi simi ngalemishanguzo
Isiwehle sezinhlamvu esezibehlulil' abaningi
Baqom' ukufa kunokudla ngentambo
Thina sasala sikhula ngenhla
Sicwij' ezans' okweganandoda
Kanti yakhiwa ngani lento?

Namhlanje sebesinik' uhlamvu olulodwa
Hleze kusasa koba wumjovo wezinyanga
Iqiniso soze balikhipha
Lokuthi amakhambi soze atholakala
Sizonikelwani sibe siphungulwa kakade.

Ray Phiri

Umlilo uthando nentakaso
Sagwingciza isitimela
Sisuka eMpumalanga siya eGoli
Udaba alukaqedwa
EMelika kuya eYurophu
Buka ulalele unqume
Ngeke esaphinda umzala
Usekhonjiwe ehlalankosi
Kwathiwa akazwakale nganeno.